THE APOSTOLIC FAITH MISSION OF SOUTH-AFRICA

Together moving in unity to fulfill our God-given missional calling!

isiZULU

AFM GAME PLAN

AFM - AGS 20th Unity Anniversary

The AFM MISSIONAL STRATEGY

Empowerment

Ecumenical Involvement

Community Involvement

Governance

Discipleship

VALUES

MISSIONAL

IMIGOMO YE-AFM

1. **Ubuqotho**. Ubuqotho bumayelana nokuba qatha kanye neqiniso. Bumayelana nokuba nesimilo esiphelele. Njengabaholi bezikamoya, mina nawe kumele sibe ngabokuqala ababonisa ubuqotho. Ngeke sakwazi ukufundisa uma singayenzi leyo nto esiyifundisayo. Umsebenzi wethu kumele ukubonise lokho. Kumele sikhulume ngento esiyenzayo. UNkulunkulu angamenzela izinto eziningi umuntu ongekho ngcwele - kodwa ngeke amenzela lutho ongumkhohlisi. Imisebenzi yethu kumele ibe ngeyeqiniso. Izimpilo zethu kumele zibe ngezeqiniso. Amakholwa angasuka okholweni ngezindlela eziningi, kodwa uma kulimele ubuqotho, ayikho enye into engavala isikhala sabo.

2. **Ubudlelwane**. Into encikene kakhulu nobuqotho ubudlelwane - ubudlelwane obujulile nobunobuqiniso. Siphuma esikhathini ebesinokuhlukana ngokobuhlanga, uma ubheka ukuthi kunokushayisana osekuqhamuka futhi ezweni lethu, kubalulekile ukuba siqinise futhi sinakekele ubumbano esiluphiwe nguNkulunkulu. Ubudlelwane bethu namalungu omndeni, nesisebenza nabo kanye namalungu ebandla bubaluleke kakhulu. Akulula ukwakha ibandla eliphilile ngaphandle kobudlelwane obujulile. Sicela nikwenze lokhu futhi nikufundise abantu benu.

3. **Ukubophezeleka**. Nginesiqiniseko sokuthi niyafuna ukukubona lokhu emalungwini enu. Kodwa-ke futhi, lokho kuqala ebaholini bethu. Asisibo abantu abahlukanisiwe nabanye abangenamsebenzi ngomunye nomunye. Njengamakholwa, sibophezeleke kuNkulunkulu kuqala, kodwa iqiniso ngukuthi iBhayibheli nalo liyakucacisa ukuthi sibophezelekile nakomunye nomunye. Esikhathini esikuso, lapho ukuzimela ngawedwana kungokwenani eliphezulu, esontweni ukubophezeleka akuxoxiswana nokuxoxiswana ngakho. Ukukushaya indiva lokhu, kuholela ekuzidicileleni phansi. Kumele siqonde kahle ukuphathwa. UNkulunkulu ubeke ukwakheka kokuphathwa emshadweni, emndenini, esontweni nasezweni.

Wonke umuntu kumele abe nomuntu abophezeleke kuyena. Nawe awukwazi ukushaya umthetho uma kungekho lapho oshayelwa khona umthetho.

4. **Ukwenzisisa kahle.** Siyakholwa ukuthi yonke into esiyenzayo kumele siyenze sengathi senzela uNkulunkulu? Ngabe izimpilo zethu noma umsebenzi wethu wezenkolo uyakufakazela lokhu? Njengabaholi, sibophezekile ekwenzisiseni kahle esontweni nasemisebenzini yethu. Kungumgomo okumele siwufundise futhi siwubonise kubantu bethu. Ubuphofu akusiyo into esingavika ngayo sithi asikwazi ukwenzisisa kahle. Ukwenzisisa kahle kumele kube injongo yethu futhi kube yindlela yethu yokwenza. Izinga elivamile alanele kahle hle.

Notes:

THE APOSTOLIC FAITH MISSION OF SOUTH AFRICA
NATIONAL OFFICE

Building no.14 | Central Office Park | 257 Jean Ave | Centurion
Gauteng
South Africa

P.O. Box 9450
Centurion
0046

Tel: 27 12 644 0490 | Fax: 27 12 644 0732/4 | www.afm-ags.org